# Ugxeke umasipala uDlomo ngokubukelela udokotela mbumbulu

Thabile Nxumalo

Unqgonqgoshe womnyango wezempilo KwaZulu Natal uDokotela Sibongiseni Dhlomo ehambisana nomphakathi waseMnambithi umashele eHholo Lasedolobheni ngomhlaka 22 April ukulwisana nokuhushulwa kwezisu ngasese.

Lomkhankaso uqalwe ePiertermaritzburg wadlulela e Port Shepstone, e-Newscastle,kwaNongoma, e-Kokstad, eVryheid kanye naseDundee.

“Sekudlule iminyaka engamashumi nesishagalombili(18) selokhu ukuhushulwa kwezisu kwabekwa emthethweni, ngaphansi kwe the Choice of Termination of Pregnancy Act yango 1996, kodwa abantu basazihushula ngasese izisu, bagcine belahlekelwa izibeletho noma izimpilo zabo, yingakho siwumnyango weZempilo sikhuza umhlolo ngokuhushulwa kwezisu ngasese,” kuvula uDhlomo.

Ngonyaka ofile kubikwa ukuba ezigulwini ezingu-12 031 ezilaliswe ezibhedlela KwaZulu Natal, bekungenxa yokuhushulwa kwezisu ngasese, kwase kuthi abawu-1 455 bazame ukuhushula izisu kwaholela ekuchithekeni kwezisu.

UDhlomo uqhube wathi kuyamjabhisa ukubona lamapheshana okuhushulwa kwezisu ngasese egcwele yonke indawo edolobheni,“Lokhu kusho ukuthi umasipala wethu awuwashayi ndiva lamapheshana imihla ngemihla, ngoba njengoba ebekwe yonke indawo, abeka isithombe emphakathini wethu sokuthi lokhu ukuhushula izisu kwangasese kwamukelekile.”.

Kube sekudluliswa i-memorendum, esayinwe omele amaphoyisa, abezomthetho wasenkantolo, iKhansela kanye no-MEC uDkt. Dhlomo.

Ukuzibophela ukuthi bazimisele ukulwisana naloludaba lokuhushulwa kwezisu ngasese. Uphindeu-MEC wanxusa uMasipala, amaphoyisa kanjalo nomphakathi ukuba baqinisekise ukuthi lamapheshana ayasuswa. “Njengoba besihambe siwasusa sisuka kumnyango wezempilo silibhekise eHholo laseMnambithi nginesiqiniseko sokuthi kusasa lokhu okusayo nje azobe esechonyiwe futhi, kubalulekile ukuthi njengomphakathi siwasuse.”kunaba uDlomo.

Ubungozi okudalwa ukuhushulwa kwezisu kwangasese kubalwa ukopha kakhulu, ukulimala isibeletho, ukudabuka komlomo wesibeletho, ukulimala kwesitho sangasese kanye nesisu, ukungcola kwegazi, Ingozi yokungaphinde uthole abantwana, ukukhulelwa emathunjini ngaphandle kwesibeletho, Ingozi yokuphuphunyelwa isisu kanye nokufa.

Abasebenzi bezempilo nabo banxusiwe ukuba bangabasoli abantu abeza ngaloludaba emitholampilo “ziningi izimo ezingadala owesifazane afune ukukhipha isisu, njengokunukubezwa ngokocansi okungaholela ekukhulelweni, Izimo ezingabeka impilo yowesifazane encupheni,ukubona ukuthi angeke ukwazi ukumelela lesosisu kungaba ngenxa yemali kanye nanoma iziphi izizathu ezingakwenza ufune ukuhushula isisu, kulilungelo lakhe ukusikhipha,” kubeka uDhlomo.

Amaphoyisa nawo acele umphakathi ukuba uliphonse itshe esivivaneni ukusiza ukulwisana nalezi zigilamkhuba ezihushulisa abantu izisu ngasese, ngokubampimpa ukuze baboshwe.

Nentsha nayo inxusiwe ukuba iziphathe kahle futhi baqinisekise ukuthi basebenzisa ijazi likamkhwenyana ukuvika ukuba sesimeni sokuhushula isisu.

Ucwaningo olwenziwa iSouth African Medical Research Counsil ngo 2010 lwaveza ukuthi ekuhushulweni eNingizimu

Afika u-49% ohushula izisu kusuke kungabantu abasha abaneminyaka ephakathi kuka 13 kuyaku-19 ubudala.

Udlomo uphethe ngokuthi “abantu bayafa, njengomnyango wezempilo sisukunyiswe ukubona inani labantu ababulawa ilezizigilamkhuba ezihushulisa izisu”.




**“Lokhu kusho ukuthi umasipala wethu awuwashayi ndiva lamapheshana imihla ngemihla, ngoba njengoba ebekwe yonke indawo, abeka isithombe emphakathini wethu sokuthi lokhu ukuhushula izisu kwangasese kwamukelekile.”.**

# Kuzonxephezelwa abalahlekelwa umhlaba oThukela



**Kwethule ibhasi elingumahamba nendlwana elizosiza ngokubhalisela ukunxephezeleka kubantu abadlelwa umhlaba.**

Mthokozisi Hlatshwayo

Ikhomishane yamalungelo okubuyiswa kwezemihlaba (Land claims Comission) ihambisana noMkhandlu wasoThukela yethule ubuxhakaxhaka bebhasi likanokusho okuyihhovisi elingumahamba nendlwana elizosiza leyo miphakathi eyathathelwa imihlaba yayo nguhulumeni wobandlululo ngonyaka ka 1930 eyasalela ukubhaliseni ngomqalamulajuqu owawungezi 30 December 1998.

Lomhlangano ububanjelwe emahhovisi aloMkhandlu zingu 4 April 2016.

Inhloso yokwethulwa kwalelihhovisi elingumahamba nendlwana yingoba kubonakele ukuthi baningi abantu abasalela ngaphandle ohlelweni lokuqala.

Kuthe ngonyaka ka2014 umongameli wezwe washicilela umthetho wokuthi labo abasala basengaqhubeka kuze kushaye umhlaka 30 June 2019.

Kusenjalo lelihhovisi libe seliqala ukusebenza zingu 4 April 2016 kuya zingu 20 April 2016.

Liqale e-Limithill laze layophelela ehholo lase-Escourt ngomhlaka 20 April.

Izihambeli zalomhlangano bekubalwa idlanzana lomphakathi,amakhosi kanye nobaholi bawo,ingxenye yamakhansela,ubuholi boMkhandlu okubalwa kubo uCllr. AS Mazibuko, Mpume Mbatha obekuyibona abebehola ukwethulwa kwalelihhovisi kanye nabasebenzi balekhomishane yokubuyiswa kwezemihlaba okubalwa kubo umnumzane Mdluli, Msizi Dlamini okuyibona abebelandisa izithameli.

Okunye okuphawulekile kulomhlangano imibuzo ebeyibuzwa amakhosi akhala ngesikhathi eside belindile nokho lomnyango ukwazile ukubalandisa ngezinhlelo nebanga uhulumeni aselihambile.